**INKULUMO KANGQONGQOSHE WEZOKUTHUTHA, UKUPHEPHA NOKUXHUMANISA UMPHAKATHI KWAZULU-NATAL UMNUZ WILLIES MCHUNU NGOSUKU LOKUKHUMBULA ABASHONE EZINGOZINI ZOMGWAQO EJOLIVET EXOBHO MHLAKA 06 MAY 2010**

**Ngiyanibingelela nonke**

Ukuhlangana kwethu lapha namhlanje kucacisa kahle ukuzibophezela kukahulumeni ekubuyiseni ithemba kubantu bakithi ukuthi ngokubambisana sisangakwenza okungcono ukunqanda izingozi zomgwaqo. Kuyiqiniso ukuthi ukuze sehlise izingozi zomgwaqo, sidinga ukuthi yonke imikhakha emiphakathini yethu ibambe iqhaza.

Mangiqale ngokusho nje ukuthi lo hulumeni ongaphansi kukaNdunankulu uKhabazela ugcotshwe mhlaka 11 May ngonyaka odlule, okusho ukuthi uzobe uqeda unyaka ngoLwesibili oluzayo. Kodwa mina njengoNgqongqoshe wezokuThutha, ukuPhepha nokuXhumanisa uMphakathi ngigcotshwe mhlaka 1 August, okusho ukuthi ngoMgqibelo odlule bengiqeda izinyanga ezingu-9 kulo Mnyango.

Ngenkathi ngisasebenza eSishayamthetho njengoSomlomo bengazi nje ukuthi kunesimo esibi esibhekene nohulumeni sokuchitheka kwegazi nsuku zonke emigwaqeni yethu kodwa ngingenaso isithombe esifana nesabaqondene ngqo nomsebenzi wasemgwaqeni. Bengazi futhi ukuthi kuningi okwenziwa nguNgqongqoshe uMagaye ngaleso sikhathi njengoba kwakwenza noManzankosi emizamweni yokulwa nobhubhane emigwaqeni yethu.

Kodwa kuthe ngingakaqedi nenyanga kulo Mnyango mhlaka 28 August ngabhabhadiswa kabuhlungu ngenhlekelele yengozi eyayiphakathi kwetekisi neloli eMpangeni lapho kwashona ujuqu abantu abangu-7. Ngemuva kwalokho-ke angizange ngikuthole ukuphumula yimibiko yezingozi engena nalapha kwi-*cell phone*. Lapha kusuke kushiwo ukuthi engozini ethile kulimale abangaki kwashona abangaki. Abashonile babizwa ngo-*blue code,* manje umuntu ugcina engasafundi konke okunye esejaha ukubheka isibalo sika-*blue code.*

Manje umbuzo omkhulu okhona ngowokuthi kanti kumele kuze kwenziwe njani ngoba kanti nongqongqoshe engibalandelayo bayenzile imizamo egameni lukahulumeni? Ngubani okumele aze akhulume ukuze abantu bakufake ezinhliziyweni zabo kube yinto abayiphilayo ukuphepha emgwaqeni?

Ukhona yini ongathi akakazi ukuthi ijubane, ukushayela uphuzile, ukukhathala, ukusika okungaphephile, ukungahloniphi izimpawu zomgwaqo, ubudedengu, ukuwela umgwaqo kungaphephile, ukungashiyi ibanga elanele lokulandelana, ukuphuza uhambe ngezinyawo emgwaqeni, ukunganakekelwa kahle kwemoto nokunye kungezinye zezimbangela zezingozi?

Befundisi bethu, sithe njengohulumeni ake siphinde futhi namhlanje sihlangane lapha kesicele kuMdali ukuba angenelele kulesi simo esibhekene naso emigwaqeni yethu. Ngiyazi ukuthi uMnyango uhlale usebenzisana namabandla ehlukene ezenkolo ukuze nabo babe ngamanxusa ezokuphepha emgwaqeni bashumayele ngako nasezinkonzweni zabo.

Kodwa inhlekelele yangoMsombuluko womhlaka 26 April 2010 ingenkulukazi kwesengike ngazibona esikhathini sami ngikulo Mnyango. Yingakho-ke sibone kungcono ukuthi nakuba kusasetshenzwa udaba lokuhlonzwa kwezidumbu ngokusebenzisa iDNA, kodwa thina siyadinga ukuthi kesibhekise amehlo nakuMdali.

Ngiyazi futhi ukuthi le ndawo ayiqali ukwehlelwa inhlekelele njengoba nango-2008 kwabhubha abantu abangu-8 engozini yetekisi endaweni eqhele ngo-2 kilometres kuleyo okwenzeke inhlekelele yangoMsombuluko.

Zikhona-ke nezinye izingozi ezibulala abantu ngamunye nazo okusuke kuyinhlekelele ngoba sihlale sisho sithi ukufa komuntu oyedwa ngukufa kwabaningi. Okusempeleni siyazisho nje izibalo kodwa okubalulekile ngukuthi lapha sisuke sikhuluma ngabantu abangomama, obaba, amadodana, amadodakazi nezihlobo zabathile abazithandayo.

Noma ngabe uphenyo ngengozi yangoMsombuluko odlule luveza ukuthi yini imbangela yengozi, kodwa esibhekene nako manje ngukuthi njengohulumeni asinawo amazwi anele angenza imindeni esola ukuthi izihlobo zayo lezi ezibhubhe kule ngozi iduduzeke. Ngiyabucabanga nje ubuhlungu nobunzima obudalwa ukulinda isikhathi eside ungakakwazi ukuqinisekisa ukuthi umuntu wakho ngempela yini owehlelwe ingozi.

Lapha sikhuluma ngobuhlungu obubhekene nemindeni yalaba:

1. Gertrude Lindiwe Mbhele (50)………....Female
2. Sigidi Mxolisi Mbelu (N/A)……………....Male
3. Lizwe Gcina Mbelu (24)……….. ……….Male
4. Samukelisiwe Patricia Mkhize (22) …….Female
5. Michael Mandlakayise Ngcobo (34)…….Male
6. Thembeka Petronella Madonda (39) …..Female
7. Nosipho Gladness Maphumulo (26) ……Female
8. Thembinkosi Vitalis Vezi (55) ……………Male
9. Bhekuyise Damasius Chemane (53)…….Male
10. Mcashelwa Patrick Ncayiya (58) …..…..Male
11. Florence Balingene Khumalo (34)………Female
12. Sphamandla Zulu (25)……………………Male
13. Dumisani Mkhize (48)…………………….Male
14. Khiphizwi Robert Mkhize (43)……………Male
15. Mhlekhona De Mjoka (44)……………….Male

Siyazi-ke ukuthi uMusawenkosi Innocent Msani (24) obengumshayeli wetekisi ukwazile ukuhlonzeka nokwenze ukuthi angcwabeke kalula ngempelasonto edlule.

Kuyasihlupha kakhulu njengohulumeni ukuthi lezi zingozi esikhuluma ngazo zibulala abantu abaneqhaza emnothweni. Abantu abashayela izimoto nabahamba ngezithuthi zomphakathi basuke bengabasebenzi futhi kunabantu abathembele kubona. Enye into ngukuthi umthelela wokufa kwabantu ubonakala kubantu abasuke sebesele ngemuva nokwandisa umthwalo kuhulumeni wokukhipha izibonelelo ama-*grant*.

Mangiphethe ngokunxusa izinhlangano zamaBandla ukuthi ziqhubeke nokusabalalisa ivangeli lokuphepha emgwaqeni. UJesu watshela abafundi bakhe ukuthi lowo ozwa iZwi laKhe, kodwa ahluleke ukwenza njengoba lisho, ufana nendoda eyisiwula eyakha indlu engenaso isisekelo egugulekayo uma kufika isiphepho (Matthew 7 v 26).

Namanje, kunezinkulungwane zabantu abasebenzisa umgwaqo asebewuzwile umyalezo wokuphepha emgwaqeni, kodwa bayahluleka ukwenza abatshelwa kona, UKWENZA OKUFANELE. Nangempela isiphepho kuba yilezi zingozi esizibona mihla namalanga.

Qhubekani nisebenze nithandaze ngokuhlanganyela ninxuse ukuthi iNingizimu Afrika iphephe, kwehle ubugebengu nezingozi zomgwaqo.

**Ngiyabonga**